¹¹³ Kodwa lapho usima nje futhi ukhulume, futhi wathi, “Ungowezizweni kubo.” Uyabona? Manje, uyazi lapho omele uzithulele khona lalapho okungafanelanga ukwenze khona. Bona? Manje, lokho. . . Bona. Ngi. . . Lingizwe ngokuqondileyo manje, liyakwazi lokhu engikutshoyo. Bona? Lokho kuyikho. Ngempela. . .

¹¹⁴ Silombuzo lowo khona phansi lapha. Isizatho bengiwubambile njengalokhu, silento efanayo, “Bafanele ukuzithulela na?” Uyabona? Yiso isizatho ngingazange ngiwuphendule njalo futhi ukwedlula lokho obukutsho.

Kodwa yiso isikhathi, ngiwuphendula manje, bona, khona manje. Futhi sizawuthola njalo kulumbuzo phansi lapha, futhi ngizakubuyelela emuva kuwo. Umuntu wonke uyazwisisa lowombuzo kuhle?

[UMfowethu Fred uyabuza, “Mfowethu Branham?”—Mhl.] Yebo, Mfowethu Fred. [“Ngabe—ngabe umuntu ekhuluma e—eMoyeni, enika ukuphumisela (sithi ngumuntu wesiNgesi futhi ekhuluma isiNgesi) futhi uMoya uganika ukuphumisela?”]

115 Ngempela. Yebo, mnumzana. Bona, ngoba uMoya oNgcwele ukhuluma ngolimi lonke. Bona? NgoSuku lwePhentekhosti zonke inlimi ngaphansi kweZulu zazibuthene ndawonye, bona. Ukhuluma ngesiNgesi...Manje, ngihlezi ngisazi lokhu, Mfowethu Freddie, ngokwami, ukuthi ngi...nxa ngingatshumayela intshumayelo kulogcobo kiyo, nguMoya enika ukuphumisela, uyabona. Kuyi...Bona? Ngakho kuba lulimi olungaziwayo emuntwini owayengazwisisi isiNgesi. Kodwa kukanti... .

116 Futhi njengolimi olungaziwayo akusilo olu “ngaziwayo” ulimi, kuyi...kulomunye umuntu lapho...NjengoSuku lwePhentekhosti, bathi, zonke lezi izoni, bathi, “Sizwa kanjani umuntu wonke ngolimi lwethu? Siwezwa kanjani amaGalili lawa ekhuluma ngolimi lwethu?” Kwakungela “okungaziwayo” ngalokho lakancinyane. Akulanto enjengokuthi indimi “ezingaziwayo” ePhentekhosti. Manje, bona, lokho akukho eMbhalweni lakancinyane. Bona? Kwakungela okungaziwayo...kwakungasondimi ezingaziwayo, kwakululimi. “Sizwa kanjani umuntu wonke ngolimi lwethu esazalelwa kulo?” Kakula okungaziwayo ngalo lakancinyane. Bona? Lokho...ukhona umbuzo kulokho manje, khona manje singakawutshiyi? “Sizwa kanjani umuntu wonke ngolimi lwethu?” Bona?

117 [UMfowethu uthi, “Yikho—yikho lapho okulempambeko khona encinyane ngenxa yobuthakathaka bomuntu, futhi lapho abantu ba—bazehluleka ukwamukela ulutho, bathi kuphela, ‘Kangiyi kukukholwa loba ngayiphi indlela, kuphela ngokweMisebenzi 2:4.’”—Mhl.] Awu, nxa babelakho njengokweMisebenzi 2:4 ngeqiniso babengasoze bakhulume ngendimi ezingaziwayo. [“Hatshi, ngolimi.”] Uh-huh. Babezafanela bakhulume ngo—ngolimi lolo abantu abakuzwa ngalo, bona, ngoba “umuntu wonke wezwa ngolimi lwakhe.”

118 Manje, nxa ngisemukela uMoya oNgcwele khona manje, mayelana ngo...ngithi...Ngiyakholwa kulomfowethu oyedwa lapha odinga uMoya oNgcwele, lowo—o—onguMfowethu Wood. Kunjalo na, Mfowethu Wood? Kangitsho ukukubizela, kodwa konke...singabazalwane nje lapha futhi sifuna ukukhuluma lokhu. Futhi udinga ubhaphathizo lukaMoya

oNgcwele. Manje, nxa uMfowethu Banks emukele uMoya oNgcwele lapho, ngendlela eqondileyo, nxa waWamukela njengokweBhayibhili, ubengaphakama lapho, akhukulume, ubezakukhuluma ngesiNgisi, futhi esithi, “UJesu Khristu iNdodana kaNkulunkulu uvukile,” wayekukhuluma ngesiprofethi esivuthayo esikutshoyo. “Ngiyazi ukuthi Unjalo, ngoba Ungenile nje enhliziyweni yami. UyiNdodana kaNkulunkulu! Izone zami azisekho, kulento eyenzakale kimi.” Bona? Nanko-ke. Lokho yikukhuluma nge . . .

“Sizwa kanjani umuntu wonke ngolimi lwethu?”

¹¹⁹ Uthi, aluba thina abantu beIndiana sasikhuluma ulimi olwahlukileyo labantu baseKentucky, futhi uMfowethu Banks engowaseKentucky? Futhi bakhuluma ngolimi olwahlukileyo khona-ke, futhi lapha sikwazi ukuthi wayengakhulumi ulimi lweIndiana. Futhi-ke waphakama lapho ekhuluma ngo—ngolimi lwaseIndiana, futhi esazi ukuthi akalwazi. Bona? Futhi siyamuzwa ngolimi lweIndiana, ucabanga ukuthi ukhuluma ulimi lwaseKentucky. Uyafakaza nje, “Dumisa uNkulunkulu! UJesu wavuka kwabafuleyo. Haleluya!” kodwa siyamuzwa ngolimi lwaseIndiana.

¹²⁰ Yiyo indlela okwakuyiyo ngoSuku lwePhentekhosti. Bona? “Sizwa kanjani umuntu wonke,” bona, “khangalani, akusibo bonke laba abakhuluma isiGalili,” bona, abeKentucky? “Futhi kanjani thina amaIndiana, Ohio, lamaIllinois, leMaine, leMassachusetts, lamaCalifornian, simuzwa ngolimi lwethu esazalelwa kilo?” Liyawubamba umqondo? Bona, yikuphefumulelwa. Bona, yikuphefumulelwa kibo ukuzwa, yikuphefumulelwa kibo.

¹²¹ Bona, umbiko . . . into yakho yikuthi, yibufakazi bokuvuka kukaJesu Khristu. Bona, kunjalo. Manje, nxa uNkulunkulu engaphili leyoMpilo kuwe, kungenani lokuthi ufakaza okunganani Ngayo, lokhe ungaYitholanga. Bona? Kunjalo. Kuhle kanganani wena . . .

¹²² Kungabakhona omunye umbuzo manje? [UMfowethu Roy Roberson uthi, “Awu, Mfowethu Branham, ngicabanga ukuthi sabona lokho kuzenzakala emzileni wokukhulekelwa, leyonkazana yaseSpain.”—Mhl.] Yebo. Kuhle sibili, Mfowethu Roy. Kwaku—kulapho engiya khona manje, eBeaumont—Beaumont. KwakuseBeaumont? Yebo, mnumzana.

¹²³ Manje, umzila womkhuleko wamiswa. Lapho kwakulenzakana encinyane yaseSpain yabuya kupulatifomu. Awu, ngokusobala, ngiyakholwa ngasengiphuma, kwakungayisikho na? UHoward wayengiphumisa, futhi—futhi lokhu . . . Nge—nge—ngezwa omunye umuntu ekhala, kwakuyinkazana encinyane yaseSpain lapho, o, owayengaba iminyaka elitshumi lanhlanu, elitshumi lesithupha ubudala, kunjalo . . . umntwana nje. Futhi—futhi ngakhangelana

wayeyakuba likhadi elilandelayo lokukhulekelwa nxa ngangingabe ngiqhubekele phambili. Ngangilenqumbi phezulu lapho, wayezakuba likhadi lokukhulekelwa elilandelayo. Ngathi, “Mletheni.” Ngakho bamletha phezulu. Ngangisiya komunye umhlangano, futhi ngathi, “Umletheni phezulu.”

124 Ngakho, ngafumana, ngathi kuye into enjengaleyi, “Manje, uzakholwa na? Nxa uJesu engangisiza ukukutshela lokho okungalunganga ngawe, uzakukholwa ukuthi—ukuthi Uzakusilisa?” Futhi nje wayelokhu ebeke ikhanda lakhe phansi. Ngacabanga ukuthi wayeyisacuthe lesimungulu. Bona?

125 Ngakho lapho ngikhangela njalo, ngathi, “Hatshi, akakhulumi isiNgisi nje.” Ngakho bathatha umtoliki ukubuya lapho, futhi ngathi, “Ungakukholwa na?” Futhi wakuphendula emuva ku... Khona-ke wayesezwisisa ngomtoliki, yebo sibili. Bona?

126 Awu, khona-ke ngathi... Futhi ngakhangela futhi ngabona umbono. Ngathi, “Ngiyakubona uhlezi endaweni yomlilo yasekadeni futhi legedlela enkulu izunguzela phandle, igcwele izikhwebu zamabele alithanga. Lina o-...” Uyakukhumbula lokho, Mfowethu Roy? Ngathi, “Wadla wedlulisa lawomabele. Futhi lapho ukwenza, wagula ngamandla futhi umama wakho wakubeka embhedeni futhi waqala ngezithuthwane.” Futhi ngathi, “Ube lazo kusukela lapho.”

127 Futhi-ke waphendukela kumtoliki futhi wathi kuye ngolimi lwakhe, “Ngacabanga ukuthi wayengenelisi ukukhulumi isiNgisi... kumbe ukukhuluma iSpanish!”

128 Futhi waphendukela kimi futhi wathi, “Awukhulumanga isiSpanish, angithi na?”

129 Ngathi, “Hatshi.” Ngakho sakhangela kurekhoda, samisa amarekhoda, kwakuyisiNgisi ngokupheleleyo.

130 Kodwa-ke umtoliki wathi, “Ngitshela lokho ukukhumileyo-ke.” Bona, wayemele athole ingcazelo. Wathi, “Ngitshela lokho akukhulumileyo.” Futhi wakhuluma wona amazwi afanayo kuye, futhi wakunikeza njalo.

131 Manje, wangizwa ngolimi lwakhe uqobo azalelwa kilo, futhi ngangikhuluma isiNgisi. Wakuzwa ngeSpanish. “Sizwa kanjani umuntu wonke ngolimi lwethu uqobo esazalelwa kulo?” Futhi umntwana wasiliswa. Bona, yikho lokhu, yimisebenzi emangalisayo kaNkulunkulu.

[Umfowethu, uyabuza, “**Khona-ke isitsha esiloMoya oNgcwele asisoze... sizakuba yisitsha nje, laLowo osigcwalisayo engasigcwalisa ngalokho Yena...?**”—Mhl.]

132 Loba yini Akufisayo, kunjalo. Khona kanye. Futhi-ke khangela lokho okugcwaliswe ngakho, khona-ke uyakwazi loba uloMoya oNgcwele kumbe hatshi, khona-ke. Bona? Khangela nje lokho okugcwaliswe ngakho. Nxa i—nxa isitsha sigcwaliswe

yikungcola, khona-ke kayisiso sitsha sikaNkulunkulu. Kodwa sigwaliswe ngokumsulwa, khona-ke yisitsha sikaNkulunkulu. Bona lokho engikutshoyo? [Umfowethu uthi, “Futhi isitsha, kulezikhathi lapho isitsha esingasetshenziswa khona futhi kungazakali, kungaziwa esikhathini lokho, esasetshenziswa khona?”—Mhl.] O, sibili. [Umzalwane unika ubufakazi.] Uh-huh. Uh-huh. Kunjalo sibili, sibili. O, sonke siyakubona lokho. Ngikubonile lokho izikhathi ezinengi. Yebo, mnumzana. Yebo, mnumzana. Sonke si . . . Siyakwazi sijwayelane lezinto lezo.

Ngiyakholwa lowo bekungowesine: **Ngabe bonke—ngabe bonke abantu abagwaliswe nguMoya oNgcwele bekhuluma ngendimi masinyane khonapho kumbe ngokuya kwesikhathi? Ngiyathola lapho uPhawuli athi, “Ngikhuluma ngendimi ukwedlula—ukwedlula bonke.”**

Manje, lokho engikucabangayo manje, ukuqeda umbuzo womfowethu:

UPhawuli, ekhuluma ngendimi ezinengi ukwedlula bonke.

¹³³ UPhawuli wayeyindoda ekhaliphileyo, wayesazi indimi ezinengi, ngokwakhe. Bona, wayengakhuluma nge . . . yena . . . Khumbula lapho engena ekuthonisisweni, wayengakhuluma ngaloluhlobo lolimi kumbe lolohlobo lolimi, kumbe loba yini okwakuyikho. Futhi lezo zindimi ezingaziwayo ebantwini, kodwa lokho kwakungayisikho okuphefumulelweyo. Lezo kwakuzinlimi zokukhuluma, uyabona. Kodwa . . . futhi . . .

¹³⁴ Kodwa ngiyakholwa ukuthi umuntu ogwaliswe nguMoya ohlala phansi kwe-altare likaNkulunkulu, kungelakuthandabuza, masinyane khonapho kumbe ngokuya kwesikhathi, uzakuba lesehlakalo sokukhuluma ngendimi, ngoba leyo ngenye into ephansi leyokucina ekhona njengokuchasisa kukaPhawuli. Nxa ungakuhlela, yinto yokucina emzileni wezipho, bona, yikukhuluma ngendimi.

¹³⁵ Kodwa manje, okokuqala, uyabhaphathizwa . . . Lapha, munye lamunye wenu lonke liyizipho. Ngingaphandle. Manje, “NgoMnyango munye, uMoya munye,” umnyango owodwa engena *lelikamelo*. Kunjalo na? Manje, angeke ngingene ngaleyo ndlela, angeke ngingene ngalindlela futhi emuva ngaleyo ndlela. Bona? Ngingena njani phakathi *lapha*? NgoMfowethu Roberson? Hatshi, mnumzana. Nge, awu, uthi, uMfowethu Leo? Ukuthi uzakuba yisipho sokukhuluma ngendimi, bona, ngabe ngingena ngoLeo? Hatshi, mnumzana. Huh-uh. Awu, ngingena njani? “NgoMnyango owodwa, ngoMoya munye.” UMoya awusiwo ndimi zonke nje. Hatshi. Bona? Bona, “NgoMoya munye ngibhaphathizwe kuluMzimba.”

¹³⁶ Manje, *lowu* nguMoya, *lina* lonke liyizipho. Uthi, “Awu, busisa uNkulunkulu!” Ngizakuhamba futhi, ngithi, kulo—kuloMfowethu Wood, uyizimangaliso. Bona? “O, ngangilesimangaliso esenziwayo. Ngiyazi ngiloMoya oNgcwele

ngoba ngenza isimanga.” Hatshi ngesi “mangaliso” sinye sibhaphathiziwe sonke eMzimbeni.

¹³⁷ Hamba kuMfowethu Junie khona-ke, ululwazi, “Awu, awu, ngilolwazi lweBhayibhili! Mfana, ngiyakutshela, ngiyazi ukuthi ngilo Moya oNgcwele ngenxa yalokho.” Hatshi, lokho kulokhu kungayisiyo indlela yokungena.

¹³⁸ Kulungile. Hatshi ngoMfowethu Leo, hatshi ngoMfowethu Wood, hatshi—hatshi ngoMfowethu Junie. Bona? Hatshi. Kodwa ngani okukodwa? [Ibandla lithi, “Moya!”—Mhl.] Kulungile. Ngibhaphathizwe kuluMzimba, manje ngiphakathi kwawo, manje kungaphi lapho uBaba azangisebenzisa khona? Bona? Kwenzakala ukuthi uLeo wayehlezi duzane lomnyango; kungelakuthandabuza lokhu kuzakuba ngokunye kwezinto zokuqala ezizakwenzakala. Kodwa kungezake kube njalo. Ngingabe ngijulile kakhulu eMoyeni, ngize ngihambe ngiye ngangapha kuMfowethu Wood, ngedlule konke kwakho. Awungeke ungitshela manje kangila Moya oNgcwele, ngoba ngiseMzimbeni lowu ngobhaphathizo. Kodwa uNkulunkulu kazange angilethele lapha ukuthi athi, “Awu, busisa uNkulunkulu, ngithemba ngizahlala phansi manje, ngithathe ‘kalula, ngiya eZulwini.” Huh! Bona lokho engikutshoyo?

¹³⁹ Kodwa ngingabuyela khona emuva kulokhu lapha, khona emuva lapho. Bona lokho engikutshoyo? Ngingahamba kusukela kokunye okwedlulisileyo kusiya kokunye, kumbe ngingangena phakathi, kumbe loba ngaphi. Kodwa enye into izakwenzakala, enye into kumele yenzakale. Futhi kuyini? Ngobhaphathizo lukaMoya kuyangitshengisa ukuthi NgiseMzimbeni, “NgoMoya munye.” Uyakubamba lokho, mfowethu, lapha? Kulungile! Kuyikho na? Kulungile.

112. Yiluphi uhlelo indimi leziprofethi okumele lusetshenziswe ngesikhathi senkonzo (Akumelanga kusetshenziswe lakancinyane ngesikhathi senkonzo! Bona?) **ukudumisa uNkulunkulu** (Ngitsho lakancinyane!), **lokwakha ibandla? Ngiyazi abantu bathi umoya womprofethi—ngiyazi u—ngi—ngiyazi i...** (p...ngiyathemba ukuthi...Hatshi, ngiyaxolisa, bekuyi “iBhayibhili,” B-h-a-y-i-b-h-i-l-i. Ngaqalisa b-h-i-l-i kumbe enye into enjengakho. Hatshi.) **i—iBhayibhili lithi, “Umoya wabaprofethi ungaphansi komprofethi.”** (Khona kanye.)

¹⁴⁰ Ukukhuluma ngokukamoya ngendimi futhi lokuprofetha yikwakha ibandla, kodwa kulenkonzo yakho ngokwakho. Bona? Akumelanga kukhathaze ingqe umprofethi webandla e... umhlangano usohlelweni. Bona? Akumelanga kuphazamisa umhlangano.

¹⁴¹ Manje, bona, “imimoya yabaprofethi.” Si—silomunye umbuzo manje, kasikuyekele lokho kudlule nje okomzuzu. Bona, indlela eqondileyo yeqiniso yalezi... ukusebenzisa iziphu

lezi. . . Lokhu yikuphendula izipho ezinengi, uyabona. Lapho sifika kizo sizakuthi sikuphendulile kulokhu okwakuqala, lumuntu kulokhu lapha. Bona? Lowo ngowesihlanu:

Ngabe izindimi leziprofetho kufanele zisetshenziswe enkonzweni ukudumisa uNkulunkulu?

¹⁴² Uyabona, manje, umtshumayeli. . . nxa umtshumayeli egcotshiwe nguNkulunkulu, futhi ibandla libekwe ohlelweni, manje, indlela eqondileyo. . . Abanengi benu liyakwazi ukuthi kanjani ngi—ngikhulume kini mayelana “woba lalo libekwe ohlelweni.” Lezizipho kufanele. . . Manje, nanku lokho esizakwenza ethabhanekeli, iNkosi ithanda. Manje, ngikhangele, ngibona enye into, ngitshiya uMfowethu Neville labanye abazalwane lapha ohlelweni. Manje lina li. . . Futhi lapho abanengi balaba abafowethu ngabafowethu abasasebatsha.

¹⁴³ Manje, ngi—ngiliqhawe elidala ki—kini lonke kuliNdelela. Sengibe leminyaka engamatshumi amathathu lanye kuLokhu. Kwakungaba yiminyaka engamatshumi amathathu edluleyo ngabeka lelo litshe lapho. Ngakhangelana layo yonke into eyayikhona ukukhangelana layo, futhi kungcono wazi lokho okhuluma ngakho, futhi, lapho usiza kikho. Kungcono ungazi lokho kuphela, kungcono uNkulunkulu abelapho ukukusekela lapho uthola—lapho uqeda ngakho.

¹⁴⁴ Manje, indlela ephumelelayo yo—yokwenza lokhu manje, ungaba lomhlangano okhethekileyo. Ngiyakholwa yikho lokho abakwenzayo kwabaseKhorinte bokuQala 14 lapho, “Enye into yambulwe komunye ehlezi eceleni, yeka omunye azithulele khona-ke.” Ngiyakholwa kwakungu “mhlango okhethekileyo owezipho,” okuzakube kukuhle. Nxa babefuna ukuba lomhlangano okhethekileyo lapho abantu bonke abalezipho bahlangana kanye ngeviki, labo abalezipho, futhi babuye ebandleni, lokho kungaba kuhle. Bavumele babelalowo mhlango, akula. . . kuyabe kungelakutshumayela, ngokwezipho zikaMoya.

¹⁴⁵ Akusikho kwabaphandle labangakhulwayo. Babengena, bahlale phansi, bathi. . . Omunye uyaphakama futhi athi, “ah-ah,” akhulume ngendimi; omunye athi, “wha-ah.” “Kuyini emhlabeni!” Bazakuza futhi bathi, “Kungaphi ukhulabela? Kungaphi okunye kwakho konke?” Bona?

¹⁴⁶ Kodwa, manje, laba abakhuluma ngendimi, abanengi babo (futhi bechasisa, lokunjalo) zingane eVangelini. Bona? Unga—ungabakhubi, bayekele—bayekele bakhule kuze kuthi lesosipho. . . Okunye kwakho, uyabona ukuthi uSathane uzama njani ukungena kokunye. Yebo, amaqhawe, si—si—siyakubona lokho. Bona, singakubamba lokho, futhi liyakukhangela.

147 Lapha kungasikude umtshumayeli othile, ohlezi khona lapha manje, wabuya kimi futhi wangitshela futhi wayelami ekhaya lakhe, umfowethu oligugu sibili.

148 Kangikutsho ngoba uhlezi lapha, kodwa lonke lingabazalwane abaligugu. Nxa ngingazange ngicabange lokho, ngingakutshela, “Wena lami masiqondise lento phakathi kwethu, kuqala.” Bona? Kunjalo. Bona? Ngiyalithanda lonke, futhi ngiphakathi lapha kuphela emoyeni wokuvumela iBhayibhili, uyabona, u—ukunceda. Bona?

149 Lumfowethu wayelami endlini yakhe uku. . . umfazi othile, futhi umfazi lowo wayephambukile. Futhi lokhu. . . angikaze ngimbone umfazi kodwa ngakuzwa kuthephu, yena esipha ukuchasisa kwendimi, futhi ekhuluma ulutho. Wawukubamba khona kanye lapho.

150 Ngolunye usuku, komunye umtshumayeli, lami, womuntu ofanayo, sahlala phezu kwesigodo, sizingela osinti, futhi sakhuluma ngakho. Futhi abatshumayeli bobabili, abakhona manje, bayakwazi ukuthi lokho kwaphuma njani. Bona, nje, khangela wena.

151 Lapho lina batshumayeli liqondisa umuntu mayelana ngesipho, lapho libaqondisa, libaqondisa ngokoMbhalo, futhi bakhubeke, khumbula, kwakungayisiwo Moya kaNkulunkulu, ngoba uMoya kaNkulunkulu awungeke ukhubeke ngeLizwi Lakhe. Uza eLizwini Lakhe. Bona, uhlezi ethanda. Ongcwele uqobo kaNkulunkulu ufuna ukuhlala emzileni. Yebo, mnumzana.

152 Ngifuna ukuqondiswa. Ngifuna uMoya oNgcwele ukungiqondisa ezintweni engizenzayo ezingayisizo. Angifuni enye into ethatha indawo. Ngi—ngifuna into uqobo kumbe kungabi lalutho, ngitshiye nje nginjalo, unga—ungavumeli ngibe lolutho lakancinyane. Bona? Ngoba ngingangcono ngenze lokho kulokuletha isigcono kuKhristu.

153 Futhi ngingeke ngifundise ulutho futhi ngingeke ngitsho ulutho ngaphandle uMbhalo. . .

154 Futhi nxa omunye umfowethu, umfowethu ongumKhristu othile engangibona ngifundisa enye into embi, Ngingakuthakazelela nxa ungangibizela eceleni emva kwenkonzo, futhi uthi, “Mfowethu Branham, ngizathanda ukubuya ekamelweni lakho futhi ngikhulume lawe, usempambekweni ngolunye ulutho.” Bona? Nginga—ngeqiniso ngingakuthakazelela lokho, mfowethu, ngoba ngifuna ukuba ngiqonde. Ngiyakufuna.

155 Manje, sonke sifuna ukuba siqonde, yikho sifuna uku—sifuna ukukhuluma izinto lezi. Futhi kumele badlule eMbhaweni, uyabona, ukwenza uMbhalo ubophane ndawonye.

¹⁵⁶ Manje, ukukhuluma ngendimi kumele ku...Manje, phambidlana kancinyane...Manje, kuvumele kuhambe khona manje, okwesikhatshana. Bona, ngiyakweluleka nje kuvumele kuhambe futhi ukuyekele. Kini batshumayeli manje, lina belusi, kuyekeleni kuhambe kuze kuthi ingane lezi zikhule nje kancinyane. Manje, mhlawumbe, masinyane kumbe ngokuya kwesikhathi, nxa kuyisitha esizama ukukhohlisa lowo muntu, kuzatshengisela. Kasilaqiniso kangako.

¹⁵⁷ Manje, emva kwalokhu, ungakaqali lokhu, bekani umoya wenhlakanipho phakathi lapho, okunye ukudalula kwemimoya, uyabona, ukufumana. Into yokuqala, liyazi, uyaqala ukunanzelela ukuthi omunye umuntu uqala ukubona ukuthi kukhona enye into encinyane ephambukileyo, lokho yikudalula. Khona-ke, futhi ukutotoze lokho okwesikhatshana. Bona? Khona-ke lapho ubona ukudalula kuphambaniseka, khona-ke kuqondise lokho. Futhi nxa leyonto... nxa ingeka Nkulunkulu, uzakumela ukuqondiswa ngeLizwi. Bona?

¹⁵⁸ Sithi, njengokuthi, ngizakuthi ngizakhuluma ngendimi, omunye umuntu, thina si...leli li—liqembu lamadoda alezipho. Futhi uLeo waphakama futhi wakhuluma ngendimi; khona-ke, futhi umfowethu lapha, uWillard, wapha ukuchasisa. Kulungile. Manje, ngifuna ukuthi uMfowethu Neville loMfowethu Junie loMfowethu Willard Collins babengabadaluli, bona. Manje, ngoba uLeo wakhuluma...Manje, silapha nje phakathi njengasemhlanganweni omncinyane wabangcwele, umhlangano wabalezipho, futhi uLeo wakhuluma loWillard wanikeza ukuchasisa, futhi wathi, "ITSHO KANJE INKOSI! 'NgoLwesithathu ebusuku kuyeza umfazi phakathi lapha futhi uzaku—uzakuba lodlakela. Tshela uMfowethu Branham ukuba angamkhalimeli, ngoba uyahlanya. Kodwa umtshale ukuthi amthathe amuse ekhoneni, ngoba kwakusekhoneni lapho ayenza khona into embi kwesinye isikhathi lento ethile yathatha indawo.'" Bona? Lokhu kuzwakala kukuhle kakhulu, akunjalo na? Bona? Kulungile.

¹⁵⁹ Manje, kodwa into yokuqala, uyazi, eMbalweni oMdala, kungelani lokuthi umprofethi wathini kumbe lokho omunye umuntu akukhulumayo, kwavivinywa yiUrimi Thumimi, kuqala. Bona, kwahamba eLizwini. Futhi nxa inkanyiso lezo zingabanekanga, baktushiya kunjalo. Bona?

¹⁶⁰ Futhi into yokuqala, manje, kasikubuyiseleni ngemuva eLizwini. Manje, lindoda yakhuluma ngendimi, kwezwakale kukuhle. *Lowu* wachasisa, kwazwakala kukuhle. Kodwa iLizwi lathi, "Makwahlulelwe ngababili kumbe abathathu abahluleli, kuqala." Kuhambisani kuUrimi Thumimi.

¹⁶¹ Manje, into yokuqala, Willard Collins uthi, "BekungokweNkosi." Junie uthi, "KungokweNkosi—Nkosi." Ngababili phakathi kwabathathu. Kulungile,

kubekwa esiqetshini sephepha, kuyakhulunywa khona lapha kulelibandla. Khona-ke lapho abantu abakubona kubalwa kungakenzakali, futhi-ke bakubone kusenzakala, bathi, “Mfowethu, lowo nguNkulunkulu! Bona, lowo nguNkulunkulu!”

¹⁶² Kodwa uba-ke kungasoze kwenzakale, khona-ke kuyini okwenzakalayo? Bona? (Manje sizakungena kwenye into engingayitshaya khona lapha, “Sonke isiprofethi ngokugcweleyo...konke ukuchasisa lemibiko kuyisiprofethi na?”) Manje, okomzuzu nje. Manje, uba-ke kungasoze kwenzakale? Khona-ke uLeo ukukhulume emoyeni wamanga; wanika ukuchasisa kwamanga; futhi lanika ukwahlulelwa kwamanga. Khona-ke khuphani leyonto kini. Kawukufuni lokho. Lokho akusikho. Kutshiye kunjalo. Lowo ngudeveli. Bona? [Indawo engelalutho ethephini—Mhl.] “Angisuye umtshumayeli, kodwa ngingu—ngingumchasisi. Bona, ngingumchasisi, Nkosi, a—angisuye umtshumayeli. Ngi...” UMFowethu Leo uthi, “Nkosi, kangisuye mtshumayeli, kodwa ngi—ngilesipho sendimi futhi udeveli unghiphazamisile kulokho. Nkulunkulu, susa leyonto kimi.” Wena uthi, “Nkosi, Unginike umoya wokudalula, futhi ngikubonile Ukwenza izikhathi ezinengi sibili, kwenzakale njani? Baba, ngihlanze! Kuyini okwenzakaleyo?” Uyabona, nanko-ke, khona-ke usulakho ngokuqotho.

¹⁶³ Bona, lowo ngumhlangano wabangcwele ojwayelekileyo. Ngicabanga ukuthi yikho lokho okwakuyikho eBhayibhilini, ngoba uPhawuli wathi, “Nxa omunye eprofetha futhi enye into isiba ngeprofethiweyo, enye into ingaba...futhi enye into yambulwe komunye ohleziyo; makazithulele kuze kuthi lowo akhulume kuqala, khona-ke angakhuluma. Futhi lina lonke lingaprofetha munye ngamunye.” Manje, lokho kwakungeke kube semhlanganweni ojwayelekileyo, liyakwazi lokho, omunye lamunye wayengeke anike.

¹⁶⁴ Manje, ukuba leqiniso ukuthi ngokukaNkulunkulu, bona, ngoba nxa kuyibuwula nje akusikho okukaNkulunkulu. Nxa kungagcwaliseki, kayisikho kukaNkulunkulu. Bona? Kumele kugcwaliseke. Futhi—futhi ngokunjalo emabandleni ethu, uyabona, mfowethu, silebandla eliqinileyo khona-ke, bona, lapho kungela muntu ongatsho ukuthi loba yini ike yakhulunywa kumbe yenziwa... .

¹⁶⁵ Khangela lokho okungibeka khona phambili, lapho ngiphezulu lapho phambi komphakathi. Khangela kulokho! Sithini iphutha elilodwa kulokho? Bona? Ngoba ngiyaMethemba. Bona? NgiyaMethemba. Omunye uthi, “Uyesaba iphutha, Mfowethu Branham?” Hatshi, hatshi, uh-huh, angesabi phutha. NgiyaMkhohla. UyiSivikelo sami. Ngigcotshelwe ukwenza lokhu ngakho ngizakuhlala khona lapho.

¹⁶⁶ Nxa uNkulunkulu ekugcobile ukwenza enye into, khona-ke UyiSivikelo sakho. Bona, Uzakuvikela. Nxa Ekuthumile, Uzasekela ilizwi lakho. Ungummeli khona-ke. *Ungummeli* ngesipho sendimi; *ungummeli* ngesipho sokuchasisa; *ungummeli* olesipho sokudalula; abathathu benu. Bona lokho engikutshoyo? Khona-ke kuyini olakho? Ulebandla eliqinileyo. Ungeke wesabe. Umile, yebo, kungedluli izolo . . .

¹⁶⁷ Lapha, ngangise mhlanganweni phansi lapha. Umfanyana omdala wesiNgisi ovela eNgilandi wabuya lapha, wayezama ukuzibulala. UMfowethu Banks wabuya phezulu lapho futhi wathi, “Wayephansi lapho insuku ezine kumbe ezinhlanu.” Ngangilezinto ezinengi zokwenza, kodwa wathi, “Umfana uzazibulala.” I-Waterview Hotel phansi lapho yayingitshela mayelana ngesimo salowo mfana.

¹⁶⁸ Futhi ngangena ekamelweni ukuyamkhulekela. Ngaphenduka futhi ngathi, “Manje, Mfowethu Banks, angikaze ngibone lindoda kumbe ukwazi ulutho ngaye, kodwa ngizakutshela lokho okubi ngaye ngingakafiki lapho.” Kunjalo na, Mfowethu Banks? Futhi lapho sifika lapho, uMoya oNgewele wehla khona phansi futhi wamtshela lokho okwakwenzayo lakho konke ngaye, futhi lapho ayekhona lakho konke mayelana ngempilo yakhe. Wawa nje, phose.

¹⁶⁹ “Uyesaba iphutha, Mfowethu Branham, utshela indoda into enjengaleyo?” Kanganani kupulatifomu, utshela umuntu ukuthi uphila engaqinisekanga kumkakhe, ulengane ngomunye umfazi? Uzakuphosela entolongweni. Kungcono ube uqondile! Bona? Bona? Ungesabi, nxa kunguNkulunkulu. Kodwa nxa ungesabi . . . Nxa—nxa ungakwazi ukuthi nguNkulunkulu, khona-ke zithulele uze ubekwazi ukuthi nguNkulunkulu. Kunjalo na? Woba leqiniso uqondile futhi-ke uqhubekele phambili.

¹⁷⁰ Manje, lokhu yikufundisa okulukhuni, mfowethu, kodwa lingabazalwane bami. Li—li—lingabatshumayeli abasasebatsha abaphakamayo, futhi mina ngiyindoda endala, ezakusuka ezinye zalezinsuku. Bona? Futhi-ke woba leqiniso ku—kuqondile.

¹⁷¹ Ngiphuma ekamelweni le . . . Mhlawumbe ngizabamba lokhu mbayimbayi phezulu lapha. Umfana . . . Awu, ngizakukhuluma ingxenye yakho manje. Izolo, uMfowethu Banks lami, siphathekile sibili, sasi (o, minabo) ngamandla onke engingawenelisa, futhi ngiza—ngizalitshela lokho engangizakwenza kulumhlangano. ULeo loGene leqembu lethu sasizakuya khonale, labazalwane, futhi sithi sasizakuya zingela ingulube, ukuzingela ihotshi. Balensuku ezinhlanu zokuzingela ingulube zeganga, eArizona, emva umhlangano usuphelile, umhlangano wethu uyavala. Siyahamba ePhoenix okosuku olulodwa, futhi kufanele sime insuku ezinhlanu singakabi lomunye, insuku ezine bengakabi lomunye umhlangano waloba

ngaphi. Kumele sibe khona lapho eArizona. Awu, kwenzakala ukuba sesikhathini leso nje isikhathi sengulube zeganga sivuliwe.

¹⁷² Ngakho ngangifuna ukuhamba ngiyedubula umbhobho wami phakathi, ukubona nxa wawuphakathi kakuhle. UBanks wayehamba lami. Saphuma phandle kwesango, saphuma phandle kwesango. Nanko kusiza indoda ingena khona phakathi, phezu kwesiqongo saleso sibonakaliso (bona, wathi, “Ngiyacela lingaceli uMfowethu Branham”).

¹⁷³ Bona, isizatho besenza lokho... akusikho kwabantu abagulayo. Minabo, futhi endlini, buzani uBanks, uhlala endlini elandela eyami. Abantu bayabuya, imini lobusuku lakho konke okunye, labantwana abagulayo, yonke into. Asilanduleli umuntu onjenga lokho. Kodwa... .

¹⁷⁴ Futhi bangibiza, uLeo labo, bevela phandle-le kutreyila, futhi uJim futhi labo, “Kulomuntu lapha olengane egulayo. Futhi indoda ilapha elemvukuzane.” Sibeka eceleni yonke into futhi sisuke siye kuye.

¹⁷⁵ Izolo ebusuku ngabizwa ekamelweni lesibhedlela lapho omunye umuntu wangibiza khona, futhi indoda yayingangivumeli ngitsho ukungena emva sengifike lapho. Bona, umuntu nje etshiseka. Kodwa lokho kulungile, ngiyahamba kungenani. Bona? Ngoba kungumlandu wami ukuthi ngihambe, bona, futhi ngizame ukunceda omunye umuntu.

¹⁷⁶ Awu, lokho akusikho lokho leso sibonakaliso esingakho. Kodwa lindoda, lapho nje singena emoteni, loMfowethu Banks uyakwazi ukuthi kwakumele ngi... .Ngalindela kuleyondlu ngeyinye indlela. Kwakulomuntu owangena koMfowethu Banks owambambezelayo. Futhi ngisandakufika lapho, ngabambezela. Khona-ke sisandakubamba umbobho wethu futhi saqala ukungena emoteni, nanko kusiza indoda ingena phakathi. Wenyukela lapho.

¹⁷⁷ Futhi ngasengilungiselela ukumtshela ukuphuma futhi ngifonele leyo nombolo phandle lapho (eBUtler 2-1519) ngale kuleso sibonakaliso. [Inombolo zefoni sezintshintshiwe.—Mhl.] Ngathi, “Sijahile.”

Wathi, “Ngithemba ujahile, mnumzana.”

Ngathi, “Ibizo lami... .”

¹⁷⁸ Okokuqala ngahamba, wathi, “Kunjani?” Futhi ngabona ukuthi wayengazi ukuthi ngangingubani.

Ngathi, “Ibizo lami nguBranham.”

Wathi, “Ungu Mfowethu Branham?”

Ngathi, “Nginguye.”

179 Futhi wathi, “Ngi—ngi...Bengifuna ukuhlangana lawe, Mfowethu Branham.” Wathi, “Ngiyabona ulungiselela ukuhamba.”

Ngathi, “Yebo, mnumzana, nginjalo.”

Wathi, “Ngiyazi ujahile.”

Ngathi, “Sengihamba khona manje, mnumzana.”

180 Futhi wathi, “Awu, bengifuna nje ukukhuluma kuwe imizuzu emilutshwana.”

181 Futhi ngangizakumtshela nje; futhi uMoya oNgcwele wathi, “Umgenise ekamelweni, ungamsiza.” Manje, lapho, lokho kuntshintsha into yonke. Umbobho ubekwe nje eceleni, futhi yonke into njenga lokho, umsebenzi kaNkulunkulu ngowokuqala. Bona? Futhi wathi... .

182 Ngathi, “Woza, uhambe lami.” Ngathi, “Ngizaphenduka ngemva kwesikhatshana, Mfowethu Banks.”

Wathi, “Kumayelana ngomphefumulo wami, Mfowethu Branham.”

Ngathi, “Kulungile, ngena phakathi.”

Ngadlula endlini, uMeda wathi, “Awukahambi lamanje?”

183 Ngathi, “Hatshi, hatshi, hatshi, ngomunye umuntu ophandle lapha.” Ngathi, “Gcina abantwana emuva kwelinye ikamelo.” Ngamngenisela kwelinye ikamelo lasensitha, ngahlala phansi. Ngisandukuhlala phansi... .

184 Leyo ndoda yayisebandleni izolo ebusuku. Kumbe wayebuyile na, Banks? Ngabe u...Yebo, awu, kwakumele abuye izolo ebusuku. Waye nje... .

185 Into yokuqala, uMoya oNgcwele waqala ukumtshela ukuthi wayengubani, lokho ayekwenzile, lokho okwenzakalayo phansi empilweni yakhe, konke mayelana ngakho, bona, kuqhubeka nje kusiya, emtshela konke. UBanks ngufakazi. Kazange avule umlomo wakhe futhi kodwa okungaba ngamazwi amabili kimi; futhi nanko lapho Kwabuya kumtshela, wathi, “Ubuluzulane, ngempela uhlala eMadison. Usandukuvela nje eEvansville, Indiana. Ubuphansi lapho kulesisikolo seBhayibhili, inkolo yeze, waxubaniseka. Ubuyile nje eLouisville imizuzu embalwa edluleyo. Kwakulendoda, futhi indoda yakutshela (ukuthi wahlala njalo wadla layo), yakutshela ukuthi ubuye lapha futhi ungibone futhi ‘uzakuqondisa ohlutshweni lwakho.’” Ngathi, “Lokho yi ITSHO KANJE INKOSI!”

186 Indoda ihlezi nje, icwayiza amehlo ayo, ingikhangele, yathi, “Yebo, mnumzana!”

Ngathi, “Kukumangalisile, akuzange na?”

Wathi, “Kungimangalisile.”

Ngathi, “Uyakholwa uMoya oNgcwele?”

Wathi, “Ngiyafuna, mnumzana.”

¹⁸⁷ Futhi ngathi, “Ufuna ngikutshela ukuthi lokho okucabangayo?”

¹⁸⁸ Wathi, “Yebo, mnumzana.” Futhi ngamtshela. Wathi, “Futhi, mfowethu, lelo liqiniso.”

Futhi ngathi, “Guqula imicabango yakho.”

Wathi, “Kulungile, sengikwenzile.”

Ngathi, “*Lokhu* yikho ocabanga ngakho.”

Wathi, “Kunjalo! Kunjalo!”

¹⁸⁹ Ngathi, “Manje, kawudingi umbono, udinga nje ukuqondiswa.” Futhi ngamtshela enye into lapho ongasoze ufune ukuthi ngikukhulume. Nxa kwakukuwe, wawungasoze. Kungenye into engalunganga eyayimbi, ngakho awungeke uthande ukuthi ngiyikhulume nxa yayikuwe. Futhi kangikhulumi lokho iNkosi engitshengisa khona ebantwini. Ngakho nje ngathi, “Kulungile, uzakwenza na?”

Wathi, “Ngizakwenza.”

Ngathi, “Woba sendleleni yakho.”

¹⁹⁰ Sasiphakathi lapho phose okungedluli imizuzu elitshumi, kwakungayisikho na, Mfowethu Banks? Phose, phakathi kwemizuzu eyisikhombisa lelitshumi. Wahamba wabuyela phandle, waphenduka phansi emgwaqweni, yena lami loBanks lomfana wami omncinyane, uJoe Ngiyakholwa kwakuyikho, sihamba ngalapho ndawonye, sihamba phansi emgwaqweni obhadalisa intela. Watshibilika kimi, wathi, “Mnumzana, ngifuna ukukubuza umbuzo.”

Ngathi, “Kulungile.”

¹⁹¹ Wathi, “Ngididekile kancinyane.” Wathi, “Waze kanjani izinto zonke lezo kimi?” Bona? UBanks wayehlezi lapho.

¹⁹² Futhi ngathi, “Mnumzana, wake wezwa ngemibono yami lenkonzo yami?”

¹⁹³ Wathi, “Angizange ngazi ibizo lakho kwaze kwaba lihola eledluleyo. Omunye wangitshela, wathi nje khona ngale eLouisville, wangitshela ukubuya lapha, futhi ngahamba ngachapha ibholo.” Kunjalo na, Banks? Wathi, “Angizange ngazi lebizu lakho, ngazi ukuthi ungubani.”

¹⁹⁴ Ngathi, “Kunkonzo yami, kuyisipho sikaNkulunkulu leso Asithumayo.”

¹⁹⁵ Wathi, “Khona-ke nxa lokho—lokho kunjalo,” wathi, “manje ngi. . .” Wathi, “Mina nje ngi. . .Ngikahle manje,” yena wathi, “yonke into isihambile.” Bona? Wathi, “Lokho okuyikho, lowo nguNkulunkulu ekhuluma ngawe kimi.”

Ngathi, “Kuqondile.”

¹⁹⁶ Wathi, “Manje, ngiyazwisisa eBhayibhilini ukuthi... Ngesinye isikhathi ngabala eBhayibhilini futhi, lathi, UJesu wakhuluma kubafundi Bakhe,” labo ayebatsho “abantu,” liyabona. Wathi, “Wakhuluma kubafundi Bakhe futhi Wabatshela izinto ababecabanga ngazo.” Bona, “ebona imicabango yabo” yikho ayesiya kikho. Wathi, “Futhi Wathi kwakunguBaba Wakhe owayekhuluma Ngaye.”

Ngathi, “Kunjalo.”

¹⁹⁷ Wathi, “Manje, manje, uBaba khona-ke nje ukusebenzisile ukukhuluma ngawe, ukungitshela izinto lezi, ukungenza ngikholwe ukuthi lokho ongitshele khona kwakuliqiniso.”

Ngathi, “Kwakuliqiniso na?”

Wathi, “Yebo.” Wathi, “Khona-ke kumele kube nguNkulunkulu.”

¹⁹⁸ Futhi ngathi, “Mfowethu, ususazi okunengi ngakho manje” (mina loBanks sasikhuluma) “kulabanye ababesemhlanganweni okweminyaka elitshumi futhi lokhu balokhu bengazi.” Leyo nje—leyo ndoda! Manje, lokho yikho okuyikho. Bona?

Futhi uMoya (okusehlelweni) ngendimi yisiprofethi okumele kusetshenziswe ngesikhathi senkonzo?

¹⁹⁹ Hatshi. Kumele kusetshenziswe ngalindlela, futhi-ke *kukhulunywe* enkonzweni. Kodwa okwalesi sikhathi, okwalesi sikhathi samanje, mabakhulume. Manje, nxa kuphuma phandle kwendlela, khona-ke akusikho, kumele likukhangele lokho. Manje, kwesinye isikhathi kungaba nguNkulunkulu. Futhi labo bafu abancinyane, njengomntwana omncinyane ezama ukuhamba, manje, nxa ewela phansi kane kumbe kahlanu... Manje, ngikubonile lokhu kusukela ngilapha ebandleni, futhi—futhi, awu, ngiza—ngiza nje ngizakutshiya njengalokho. Bona? Futhi, kodwa, uyabona, kodwa ini ngakho, usungathi khona-ke, “Mfowethu Branham, kungani ungazange uqondise lokhu?” Hatshi, hatshi.

²⁰⁰ Lapho uBilly Paul ngemuva lapho eqala ukuhamba, wayephakama lokuwa, lokuwa ukwedlula ephakama. Kodwa wayengakwazi ukuhamba. Kodwa ngiyakholwa wayele siphosokuhamba. Bona? Ngangimyekela ahambe okwesikhathshana. Futhi-ke lapho esefike ekukhubekiseni inyawo zakhe ezinkulu, ngiyamtshela ngakho manje. Liyabona lokhu engikutshoyo? Bona? Hamba ngalapho ukhangele kwenye into futhi udumela kwenye into, ngithi, “Phakamisa inyawo zakho, mfana. Ungaphi?” Bona? Manje, yiwo—yiwo umahluko, uyabona.

²⁰¹ Manje, bayekeleni—bayekeleni bakhubeke futhi bayekeleni bavimbeke ngalapho okwesikhathshana. Manje, lapho kumele ubaqondise, nxa bekucaphukela khona-ke uyakwazi ngokwakho kwakungasuye uNkulunkulu. Ngoba uMoya kaNkulunkulu

uyazithoba. Njengalokhu lilakho lapha kancinyane, “Umoya wesiprofethi uyathobela umprofethi.” Bona? Kunjalo.

[UMfowethu Stricker uthi, “**Mfowethu Branham, ngizathanda ukuqondiswa.**”—Mhl.] Kulungile, mfowethu. [**“Izikhathi ezinengi sengahlala ezinkonzweni futhi sengezwa ukhuluma ngendimi lokuchasisa, futhi izikhathi ezinengi ngezwa kubi kakhulu ngakho. Futhi ngiyahamba ngekhaya futhi ngikhangeleka sengathi ngiyazisola indlela yonke. Kungabe kwakungenxa yokuthi kwakungasikho kukaNkulunkulu, kumbe kwakungenxa yokuthi kwakungaphandle kohlelo?”**]

²⁰² Kwakungaba kuyikho, mfowethu, kwakungaba kungokukodwa kwakho. Bona? Ngingathi... Manje, lowu ngu—lowu nguWilliam Branham, bona; ngize ngingene eMbhaweni, ngani, lokhu kuyimi, uyabona. Manje, lokhu ngingathi, Mfowethu Stricker, ukuthi kungaba ngokukodwa kwakho. Kungaba yikuthi kwakuphandle kohlelo; kungabe yikuthi kwakuyinto engalunganga ngawe; kungaba yikuthi kwakulenze into embi ngomuntu; enye into embi ngombiko; kumbe loba yini engakwenza *uzwe* kabi.

²⁰³ Manje, manje, wothi ngikuncedise kancinyane, Mfowethu Stricker, lapha. Bona? Izikhathi zonke... Ungahluleli ulutho ngemizwa yalo, uyabona. Kwahlulele ngezifanekiso zalo, uyabona; loba yini kuyathela isithelo, uyabona. Ngoba kwezinye izikhathi... .

²⁰⁴ Ngoba, siyananzelela ukuthi kulezinto ozizwayo, lowo muzwa owesabisayo. Ngiyawuthola lami, futhi, mfana, ngiyaqala ukuya khatshana khona—khona kalula, uyazi. Kodwa kangikhulumi lutho. Kutshiye nje kunjalo ngoba kangikwazi ukuthi kungaba yini, uyabona, ngize ngibe *kwazi* ukuthi kuyini.

²⁰⁵ Manje, njengabantu abanengi bathi, “Whew! Mfowethu, ngiyazi ngiloMoya oNgcwele! Haleluya! Dumisa uNkulunkulu!” Futhi bayabe belokhu bengela Moya oNgcwele. Bengakhuluma ngendimi, lakho konke, futhi bamemeze futhi badanse eMoyeni, futhi babe belokhu bengela Moya oNgcwele. Ngoba izulu lina kwabalungileyo labangalunganga. Akusikho ngemizwa, kungezithelo zabo.

²⁰⁶ Uthi kule... Khumbula umbono wami walokho? Ukuthi kanjani... AmaHebheru 6, liyabona, “Izulu elibuya isikhathi sonke phezu komhlabathi yikuwuthelezela, lokho okugqokiselwa khona, kodwa ameva njalo lokhula oluhlabayo okuseduze lokulahlwa isiphetho sakho esiyikutshiswa.”

²⁰⁷ Ngiyaxolisa, ngizavumela umoya omncinyane ungene, ngiyazi lonke selilala futhi liyadinwa. Ngakho manje, manini, ngizamele ngiphangise ngakuleyi masinyazane kumbe angisoze ngiyithathe. Lokhu kule... Sesiphose sibe ezisekelweni zakho—

zakho konke, phakathi kulingcosana lapha. Kodwa baza... Bona, i...

²⁰⁸ Nansi i—insimu egcwele ingqoloyi. Futhi kuleyonsimu kuhlanyelwe ukhula lweJimson, isihlabamakhondlwane, kumbe ini okunye, ukhula. Awu, ukusweleka kwezulu kukhona. Manje, ukhula i-jimson lesihlabamakhondlwane akuwomi nje njengengqoloyi na? Futhi luhlobo bani lwezulu o... ukuna kwezulu okukhethekileyo phezu kwengqoloyi futhi-ke izulu elikhethekileyo elina phezu kwehlabamakhondlwane? Kunjalo na? Hatshi, izulu elifanayo linetha phezu kwakho. Kunjalo na? UMoya ofanayo uwela umzenzisi lowo uwela umaKhristu, into efanayo. Kodwa ngesabo “isithelo”! Akuthopheli na phakathi lokho, bazalwane?

²⁰⁹ Ubufakazi bukaMoya oNgcwele yisithelo Sawo, isithelo sikaMoya. Awu, ku... Awu, manje, wena uthi, “Ngiyisidindi, ngiyisihlabamakhondlwane. Ngiyisidindi okufanayo laleyo laleyongqoloyi ilesidindi.” Kodwa luhlobo bani lwempilo olukuwe? Impilo ekiyo ithela izinama, ihlezi iphophotha, lokuquma, futhi, “ukwenza umsindo,” ukuncitshana lomona, layonke into. Bona lokho engikutshoyo? UBuhlo, bona, akusiso isithelo sikaMoya. Isithelo sikaMoya yibumnene, ukubekezela, ukuthambeka, bona, konke lokho. Bona?

²¹⁰ Angathi, “Awu, ngingamemeza nje kakhulu njengawe. Busisa uNkulunkulu, uMoya oNgcwele uwela kimi!” Lokho konke kungaba liqiniso elincinyane kakhulu, kodwa impilo ayiphilayo ayisekeli lokho akhuluma ngakho. Bona? Yena wayelukhula, wayelukhula kwasekuqaleni.

²¹¹ Manje, siyehla phansi embuzweni omkhulu khathesi, bona, *ekukhethweni*, uyabona. Ngakho lokho... Kumele ube yilokho. Liyakuzwisisa lokho.

²¹² *Babeyisihlabamakhondlwane* kwasekuqaleni; *wayeyingqoloyi* kwasekuqaleni. Ngakho ukuswelakala kwazulu kwabakhona; izulu lawela phezu kwabalungileyo labangalunganga. Kulungile, liyakuthola?

[Umfowethu, uyabuza, “**Kanjani ngezithelo zomthumayeli, ngabe lokho...lowo otshumayela iLizwi?**”—Mhl.]

²¹³ Lokho, umthumayeli, loba kunjalo, nxa wasukuma lapho futhi watshumayela iLizwi njengeNgilosi enkulu, bona, azwisise imfihlakalo zeBhayibhili, futhi wenza umalusi omuhle kakhulu, wahamba futhi wavakatshele abantu lezinto ezinjengalezo, engabe elokhu elahlekile. Bona? Yisithelo sakhe esikutshengisayo sonke isikhathi, mfowethu. Bona? Yena, kungelandaba ukuthi ulunge kanganani kumbe lokho ayikho, kumele abe loMoya oNgcwele empilweni yakhe. Bona?

²¹⁴ Manje, kazange atsho uJesu, “Abanengi bazakuza Kimi ngalolosuku futhi bathi, ‘Nkosi, kangiprofethanga

yini (ukutshumayela) eBizweni Lakho, futhi ngasebenza izimangaliso eBizweni Lakho?” Wayekhulume ngendimi, wayeyenze izimangaliso, wanika ingcazelo, izinto eziyimfihlo zikaNkulunkulu, lazo zonke lezozinto lapho; Wathi, “Sukani Kimi, lina benzi bokubi, Angizange ngibelazi.” Bona lokho engikutshoyo?

[UMfowethu Taylor uyabuza, “**Kanjani ngendoda eletha u—umbiko ongayisiwo? Ngitsho, u—ucabanga ukuthi uqondile kodwa utshumayela okungayisikho.**”—Mhl.]

²¹⁵ Awu, ngiyakholwa ukuthi leyondoda iqinisekile, njengomfowethu ohlezi lapha ubefuna ukubuyela kweyakhe. . . alandezele izinto lezi njenga lokho. Nxa leyondoda ikhethwe nguNkulunkulu, futhi angakaze alethwe phambi kweQiniso, uza—uzaLiqaphela. Bona, “Izimvu zami ziyalazi iLizwi Lami.” Liyazwisi-. . . Bona lokho engikutshoyo, Mfowethu Taylor? Yikho lokho obukhuluma ngakho na? Bona?

²¹⁶ Manje, njengokuthi, sithi uMfowethu Crase—Crase—Crase, sithi wayengumtshumayeli weBaptisti futhi engakaze azilutho ngobhaphathizo lukaMoya oNgcwele, loba ukwazi laziphi izinto lezi, izipho zikaMoya, futhi wayengolungileyo, othembekileyo umtshumayeli weBaptisti. Bona? Kodwa into yokuqala uyazi, Lokhu kuze phambi kwakhe. Futhi ngiyakholwa ukuthi wonke umntwana kaNkulunkulu uzakuba. . .sonke isikhathi sizahugula aze Amthole. UMbuso awungeke ubuye kuze kuthi iNtando kaNkulunkulu yenziwe. Kunjalo. Futhi ngitsho loyedwa ozabhubha, uyabona. Manje, bona, yiyo indlela.

²¹⁷ Futhi uMbuso weZulu unjengomuntu ephosela imbule olwandle futhi wayikhupha. Lapho esekwenzile, wabalenhlobo zonke. Wagcina inhlanzi, futhi ofudu bamanzi lemfudu kwabuyela emanzini. Waliphosela njalo, wathola okunye okunengi, mhlawumbe wathola inhlanzi eyodwa. Kodwa Waqhubeka ehugula kwaze konke kwahugulelwa phandle. Bona lokho engikutshoyo manje?

²¹⁸ Kodwa leyonhlanzi yayiyinhlanzi kwasekuqaleni. Yabekwa nje emsebenzini weNkosi, lokho kwakuyikho konke, wambeka ngale kwelinye ichibi lapho okwakungcono khona, okukhanya ngcono. Kodwa Wayelokhu ehugula kulelichibi lamaxoxo waze Wakhupha zonke inhlanzi amabhesi konke phandle kwalo. Bona lokho engikutshoyo? Uyakubona lokho engikutshoyo, Mfowethu Taylor. Kumele wazi ngezakho phezulu lapho.

Kulungile, manje:

113. Ngabe yena lowo. . . Ngabe yena ngezikhathi zonke ulokulawula phezu koMoya njengokuthi enze nini lokuthi enze njani?

²¹⁹ Yebo, mnumzana. Yebo, mnumzana, uMoya oNgcwele uyalawula. Yebo, mnumzana. Uyakulawula futhi lawe uyaWulawula, futhi Awusoze ukwenze wenze loba yini

ephikisana loMbhalo. Uzakwenza...“UMoya awuZiphathi ngokungafanelanga.” Kuqondile. Kulungile.

220 “Kuvela kulowo okuthandayo...” Yebo, lokho—lokho kukulindawo. Kulungile, manje sizakweqela komunye lapha futhi sibone lapho esikhona.

221 Manje, ngicabanga ukuthi lokho kube lesisekelo. Manje—manje, lapho ngibizela leyi manje, nxa kulombuzo... Bekulombuzo futhi kulokhu? Sonke siyakuzwisisa? Siyazwisisa ukuthi siKukholwa njani manje?

222 [Umfowethu uthi, “Ngilombuzo owodwa.”—Mhl.] Qhubekela phambili. Kulokhu lapha okwamanje? Kulungile. [“Yebo, kulowo lapho. Ngingani ngithikazile, kodwa...”] Ungathikazi, lokhu yi—lokhu yi... [“Ubukhuluma ngomuntu otshumayelayo, futhi nxa engatshumayeli uMbiko lowo uKhristu awulethayo, futhi kungenani lalokho okwenzakalayo kunkonzo yakhe. Lapho ehlangana leQiniso futhi aLiphike, manje-ke kuyathiwani?”] Ulahlekile. Ngiyaxolisa okomzuzu nje oko... [“Bengikhuluma ngokuthi ukumiselwa ngaphambili kumbe ukugcotshwa umhlaba ungakasekelwa.”] Kunjalo. Kunjalo. Bona? [“Khona-ke, njengokuba kwakuyikho, wayengayikuba ngaleyondlela?”] Kwakungayi kuba ngaleyo ndlela ekuqaleni, bona. “Baphuma kithi ngoba babengasibo bethu.”

